# Uhambo lwaseThekwini

## Imibuzo ngaphambi kokufunda

1. Sixoxele ngezinto ozaziyo ngeTheku.
2. Anike niqagele ukuthi le ndaba iyophetha kanjani?


EXTRACT PAGES

Igama lami nginguNzuzo wakwaKubheka. Ngihlala eMnambithi nogogo nomkhulu kanye nomzala wami uMvelo.

Ubani isibongo sikaNonzuzo? Uhlala nobani uNonzuzo?



EXTRACT PAGES

Ngesikhathi sePhasika, umndeni wami wavakashela eThekwini. Saya e*Durban Natural Science Museum* siyofunda ngemilando namagugu kanye nangezilwane ezahlukahlukene.

Kwakuyokwenziwani e-*Durban Natural Science Museum*? Engabe kunjani emnyuziyemu.



Sabona amathambo omile ezilwane kanye nawabantu. Kwakukhona izinyoka, onogwaja, izinhlanzi, izinyoni kanye nezinye izilwane ezesabekayo.

Yini oyicabangayo uma ubona amathambo omile?

EXTRACT PAGES



Sathi uma siqeda, sahamba ngemoto, saya kwaXolo Cave, eSouth Gate. Lapho sabona amatshe ayegcwele imidwebo yabantu nabaThwa bephethe imicibisholo. Basichazela ngempilo yabaThwa namasiko abo.

EXTRACT PAGES

Ingabe kunjani KwaXolo cave emgedeni, yini esizoyibona?



EXTRACT PAGES

Impela ukuhamba ukubona. Yaba buhlungu inhliziyo yami uma sekufanele sibuyele ekhaya. Ngakusasa ekuseni, safaka izikhwama emotweni sesibuyela ekhaya.

Ingabe baphatheka kanjani sebebuyela ekhaya oNonzuzo?


EXTRACT PAGES

Uma sifika ekhaya, sakhombisa abangani bethu izithombe. Uma kuvulwa izikole, uMisi wacela lowo nalowo mfundi ukuthi axoxele ikilasi ngamaholidi akhe ePhasika.

Wena ubungaxoxa ngani ekilasini uma ubungavakashanga ngamaholidi?

# UNwabisa uthola abangani

## Imibuzo ngaphambi kokufunda

1. Sixoxele ngokubona ezithombeni.
2. Wenzanjani uma ubona izingane ongazijwayele? Uyazethula ucele ubungani, wenzenjani?



EXTRACT PAGES

UNwabisa ujabule. Namuhla abafundi bayoqhudelana ngezemidlalo eThekwini. Kwakukhona izingane ezaziphuma ezifundazweni ezahlukene. UNwabisa wathola abangani abasha.

Wake wamuthola-na umngani ekuhambeni? Wazizwa kanjani?


EXTRACT PAGES

Omunye umngani omusha kaNwabisa wayekwazi ukukhuluma isiZulu ngoba kungumNdiya. UNwabisa wahamba nabangani bakhe baya esitolo.

Bayezwana na uNwabisa nomngani womNdiya?



EXTRACT PAGES

Kusenjalo kwaqalwa ukuhlabelela. UNwabisa nabangani bakhe bahlangana nabanye futhi abafundi ababili. Omunye walaba bafundi wayengakwazi ukukhuluma. Wayekhuluma ngezandla.

Engabe usenabangani abangaki uNwabisa?



EXTRACT PAGES

Abanye abafundi abakwazanga ukuqhubeka nokucula isigamu sesiSuthu eculweni  ngoba bengakwazi ukusikhuluma. Babili kuphela abafundi abakwazile ukuhlabelela iculo.

Kungani abanye abafundi bengakwazanga ukuqhubeka neculo?




ONwabisa babona ukuthi umfundi ongakwazi ukukhuluma uyafisa naye ukuhlabelela. Baphatheka kabi uma becabanga ukuthi bebengamnakile.

Yini eyenza aphatheke kabi uNwabisa?




Baxolisa kuyena bekhuluma ngezandla. Wabaxolela lo mfundi wase ebavalelisa uma esehamba. ONwanisa bafunda ukuba nobubele kwabanye abantwana.

Babekhuluma ngani uma bexolisa kumngani wabo?